# UMUNTU OYINQABA

Asikhuleke. Nkosi Jesu, uma sesisuka kulokhu ukusa, singathi izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu, ngoba Ukhulume kithi sisendleleni. SiyaKubonga ngalelithuba elihle kakhulu ebeli—ebelikhona, elize endleleni yethu, sikwazi ukubuthana lapha nalababantu, abantwana baKho, futhi sijabulele lo imizuzwana yenhlanganyelo. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi izibusiso zaKho zizophumula phezu kwethu lapho sihamba uhambo, izindawo ezehlukene, futhi sihlangane nabanye.

2 SiyaKubonga ngabo bonke ubufakazi besimo salendawo enhle yamaKristu lapha kulokhu ukusa, nangabo bonke laba osekube yisikhathi eside esendleleni, nangalensizwa esanda kuwelela ngaphesheya kweJordani nje, ukubona ukuthi ngempela kusho ukuthini ukuphila. Sonke singakuthokozela lokho, Nkosi, ekwazini ukuthi ngesinye isikhathi sasingakolunye uhlangothi, nathi. Kodwa asisesibo abokuphila okudala, manje. Kuphela yi—yi . . . Kusemuva eGibhithe.

3 Manje sikhulekela ukuthi Uzobusisa inhlanganyelo yethu sindawonye njengoba sifunda iZwi laKho, futhi sikhulume amazwi ambalwa avela kuleliZwi likaNkulunkulu elikhulu sonke esikholelwa kulo. Futhi kubusise ezinhliziyweni zethu manje, ukuba siqhube inkonzo. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

4 Mfowethu Leo, Mfowethu Gene nabahambi, ngi—ngithatha ngokuthi lena ngenye yezinhlanhla ezinhle kakhulu engibe nazo, ukuza lapha ukuba ngizibonele eninakho lapha kulezizinkundla. Yi . . . Ngibusisekile ngenkathi ngihamba ngiwela umfudlana omncane lapho, futhi ngibona leligceke. Futhi ngi . . . Ngesinye isikhathi ngenkathi uMfowethu Leo enza amateyipu, futhi ngamtshela ukuthi impela kwakukhona into ethize enkulu kakhulu empilweni ngaye kunokwenza iteyipu. Futhi, kusobala, ukwenza amateyipu into efanele siyenze, kodwa isibusisile, kodwa kukhona enye into. Sonke sinqunyelwe izinto ezehlukene ukuba sizenze.

5 Nokuza lapha kulokhu ukusa futhi ngibuke, leliJerusalema elincane elihle elihlezi phandle lapha, elincane, engalibiza nge, Gosheni, ngiyakholwa, ngenkathi siza neno kulokhu ukusa. Khumbulani, iGosheni lalingenye yezindawo ababekhonzela kuzo, enye yezindawo zokuqala ithende elagxunyekwa kuyo. Nokuhlangana nabangani abadala, na—nabasha, nokuba nalesisikhathi sabelwe thina, nje ngi . . . Kubonakala sengathi—ngathi awufuni nje ukuhamba. Kunento ethize nje efuna

ukukubamba. Ngingabona ukuthi kungani nina bantu nifune ukuhlala lapha. Niyabo? Kuyinto enibamba xhakathi.

6 Angikholwa ukuthi ngake ngaba kunoma yikuphi ukukhonza okumnandi kakhulu nenhlanganyelo, njengalamaculo nezinto, ukuthi ngihlale lapho futhi ngaluma izindebe zami futhi ngayobayoba ngezinyawo zami, futhi ngizama ukuzibamba ekudazulukeni kakhulu, ngenkathi ngizwa lawomaculo amadala eculwa ngendlela engicabanga ukuthi afanele aculwe ngayo, futhi lelo liculwa kuseMoyeni. Manje, yilokho esi—si . . . UPawulu wathi, "Uma ngicula, ngiyocula ngiseMoyeni." Manje, ngeke ngacabangela uMoya ungukudazuluka ngalo lonke iphimbo lethu. Ngi—ngicabanga ukuthi uMoya kaKristu uluthando, nobubele, nokuthula, oku—okuletha into ethize emiphefumulweni yethu, esondlayo. Ngicabanga ukuthi, lapho, yileyondlela lawomaculo afanele aculwe ngayo.

7 Futhi ukuba lapha nani, abantu abazinikele esisuseni, isisusa sikaKristu; kunezinto eziningi kakhulu nje ebenginga—ngingazisho, isikhathi ebesingeke sangivumela. Ngi—ngifikela . . . Ngacabanga, "Awu, ngizogijimela enhla futhi ngivakashele uMfowethu Leo nebandla enhla lapho nengxenye yoMzimba kaKristu elindele uku—ukuFika kwaKhe, nengxenye yoMlobokazi egongobele lapha."

8 Nokuthi uzehlukanise kanjani nalo lonke izwe, futhi—futhi weza ngapha ukuba uphile ngalendlela. Bengicabanga, ngisho nomfudlana omncane, ungapha kwalelicala leJordani manje, use—use—sezweni lapha. U—uwelele ngapha uphumo, ukuphuma ezweni, uyongena endaweni okulapho ungazihlanganisa khona ndawonye futhi—futhi ukhonze uNkulunkulu, ngempela ngeziphoqelelo zikanembeza wakho.

9 Futhi yilokho esikumeleyo, njengentando yeningi, njengesizwe. Simele yona impela lento, umuntu ngamunye angayikhonza. Futhi nje kubi kakhulu asinakho okunye futhi okunje. Niyabo? Kunjalo. Lapho, lokho okuvumela izwe libe sendaweni yabo, nabantu bakaNkulunkulu babe sendaweni yabo, lapho esingaba khona nalokhu.

10 Futhi ngempela ngi . . . Uma—uma ngithe "amen" ngase ngiphuma ngomnyango, bengingathi bekuyongikhokhela maSonto onke ukushayela ngenyukele lapha, noma—noma ngibe nabantwana bami baze benyuke ngisho, ukuba—ukuba bahlale phansi kwesimo sendawo kanje. Ngoba, kuhlala njalo kuyisimo sendawo esiletha imiphumela.

11 Ungabeka imbewu phandle lapho emhlabathini. Akunandaba ukuthi leyombewu iqhuma kanjani, futhi ilale lapho, izofanele ibe nesimo sendawo ukuyenza iphile. Niyabo? Lelolanga lizofanele lifike emandleni athize, ngaphambili, liyilethe esimweni esithize sendawo. Iqanda lizofanele libe

sesimweni esithize sendawo, kungenjalo aliyikuchanyuselwa. Akunandaba ukuthi linokuchamseleka kanjani, lizofanele libe nalesosimo sendawo.

12 Futhi ngicabanga, ukuthi eqenjini elinjengaleli, amaKristu achamselayo, azalwa ngokusha esimweni sendawo enjengalena nje. Lolu wuhlobo lwesimo sendawo engazalelwa phansi kwalo. Akunandaba ukuthi ngiyaphi futhi ngivakashe, izwe elibandayo, namasimu ezimishini kanjalonjalo, ngingama ngisho futhi ngivale amehlo ami futhi ngicabange ngalesisimo sendawo.

13 Lokhu kungikhumbuza ngenkathi ngisengumshumayeli ongumfana nje futhi nje ngiqala ukuphuma. Sasinamaqembu amancane ayehlangana endlini nendlu. Sazehlukanisa nezinto zezwe, futhi (Yilokho okwenza inhliziyo yami yaba ngendlela eyiyo namhlanje, ekuthandaneni noKristu.), lapho esingahlala khona ndawonye.

14 Ngikholwa ukuthi umBhalo wathi, "Kumnandi kangaka ukuba abazalwane bahlalisane ndawonye bemunye! Kufana namafutha okugcoba ayesesilevini sika-Aroni, ehlela emiphethweni yezingubo zakhe."

15 Futhi nje—nje kuningi kakhulu obekungashiwo. Ngi—ngi. . .Mhlawumbe uMoya oNgcwele uzokuhumusha kini, emva kokuba sengihambile, ukuthi kuyini. Ngifisa sengathi bengingahlala yonke intambama, futhi nje ngishiye ukudla nayo yonke enye into, nje ngihlale lapha futhi nginizwe nicula. Niyabo? Nginizwe nicula, futhi nixoxa, futhi nifakaza, kusho okukhulu kakhulu.

16 Indodakazi yami ithweswa iziqu kulobubusuku. Noma, yinkonzo nje yokwethweswa iziqu zemfundo ephakeme, kulobubusuku, futhi ngizofanele ngijahe ukubuya. Futhi bengingakwazi lokho, ukuthi bekuzoba yile, bekuzoba yinkonzo yokwethweswa iziqu zemfundo ephakeme, kuze nje kwaba yizolo ebusuku. Ngithi ukuba matasatasa, futhi angikunaki.

17 Futhi ngivakasha noMfowethu Leo noMfowethu Gene, njengoba behla, kade ngisilangazelele isikhathi sokuba lapha, ngimangala, nje ngempela. Ngibezwile abantu bethi, "Awu, banegceke elihle lamakharaveni. Angale ecaleni elilodwa. Izwe likwelinye. Futhi ngaku*leli*cala yizo zonke izimpilo ezinikelwe nezinto."

18 Ngacabanga, "Ngingathanda ukubona lokho. Ngi nje—nje ngiyathanda ukubona ukuthi ngempela kuyini." Futhi nonke nibusisiwe ukuba lapha.

19 Ngi—ngifuna ukufunda nje ivesi elilodwa eBhayibhelini. Futhi ngiyacabanga, ukufunda nje lelivesi elilodwa ngokoqobo kuzokwenza inkonzo ephelele. Kodwa ngine, ngikhuphukela lapha, ngibe nje neziphawulo ezimbalwa engicabange ukuthi bengizozisho. Kuzongithatha nje imizuzu embalwa. Bese kuthi-

ke ngizothanda ukusho leziziphawulo kulokho engi—kulokho engizizwela khona manje. ENcwadini yakwabaseKorinte besiBili, isahluko 12, nevesi 11, ngithanda ukufunda lokhu. Kukhuluma uPawulu.

> Se*ngize ngaba-yisiwula;* ya, *nina* ningiphoqa*: ngokuba mina kwakufanele ukuba ngingconywe yinina: ngokuba angisilele ngalutho kubaphostoli abaqhamileyo kakhulu, noma ngingento yalutho*.

20 Bengingathanda, nje uma bengingakubiza lokhu ngendikimba. . . Ngi—ngicabanga ukuthi uMoya oNgcwele uphakathi kwethu. Futhi, thina, bekungeke kwaba ngubulungiswa ukufunda umBhalo nje. Yena, yilokho Aphila ngakho. Futhi onke amaZwi anikezwa ngokuphefumulelwa, futhi kusifanele isikhathi. Awupheli neze. Unjengeketango. Ulokhu uqhubeka nje. Awupheli neze, umBhalo.

21 Futhi ngicabangile, ngisafunda lokhu, futhi ngicabanga ngalendawo encane enhla lapha, lokhu kufika emqondweni wami, uPawulu ethi, "Sengize ngaba-yisiwula." Niyabo? Manje, leyo yinto exake ngempela ukuba ishiwo ngumphostoli. "Sengize ngaba-yisiwula." Manje, isiwula ngumutu ngempela ongekho emqondweni wabo osile. Nokuthi kungani lomphostoli asho into enjengalena, "Ngiba yisiwula"?

22 Bese kuthi-ke ngicabanga nga—ngaleliqembu, akungabazeki, ukuthi, emehlweni abantu ngakolunye uhlangothi, usuze waba yisiwula. Usube yilokho abakubiza ngokuthi, namhlanje: *Umuntu Oyinqaba*. Akungabazeki kodwa kuyilokho abantu abakucabangayo ngawe. Futhi khumbulani, ukuthi, ngakolunye uhlangothi, bangabantu abayinqaba, nabo. Niyabo?

23 Ngakho—ngakho uzofanele ube yisiwula somuny'umuntu, ngakho ngingaqoka ukuba yisiwula sikaKristu. Niyabo? Ngingaba yi. . . UNkulunkulu wathi abantu baKhe babe "ngabantu abazuziweyo, abayinqaba; abaqokiweyo, abakhethiweyo; ubupristi bobukhosi, benikela ngemihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu, lokho ngukuthi, izithelo zezindebe zethu, zinika udumo eGameni laKhe."

24 Ngesinye isikhathi esedlule. . . Lokhu ukuba nomqondo wokwemukela okuhlekisayo okuncane, ngithemba ukuthi akuwephuli umoya okahle ophakathi lapha. Kufika nje emqondweni wami. KwakunguMfowethu Troy weFull Gospel Business Men, wayexoxa ngalokhu. Ngangicabanga ngalokhu, ngalomculi omusha lapha, osanda kufika nje eNkosini. Ngenkathi e—esebenza e . . .

25 Ungumsiki wenyama, futhi wayesebenza esitolo sasesilaheni. Futhi—futhi leli kwakuyiJalimane lapho, futhi wayelokhu exoxa nalo ngeNkosi. NaleliJalimane lalingakwazi ukukhuluma isiNgisi kahle hle. Ngakho wa—wathi, "Awu,

woza emhlanganweni.” Wathi, “Udinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.”

26 Ngakho iDashi elidala limfuna azi ukuthi laliyiLuthela, niyabo, lali—lalikahle. Lali . . .? . . .

“Awu, yenyuka uke usivakashele kanye.”

27 Futhi ngakho bahlangana nesi—sigejane sa, mhlampe, bantu abayinqaba, nabo, njengoba sikubiza kanjalo. Niyabo? Futhi ngalobobusuku leliJalimane lemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi ngosuku olulandelayo lalisika inyama, futhi likhuluma ngezilimi futhi licula. Lalinejubili elivamile.

28 Futhi ngakho, emva kwesikhashana, ubasi wefektri uyafika, wayesethi, “Henry,” wathi, “yini’indaba ngawe na?”

Wathi, “O udumo kuNkulunkulu.” Wathi, “Ngi—ngithole ukusindiswa.”

29 Wayesethi, “Ngani,” wathi, “kade ukuphi?” Wathi, “Ufanele ukuthi kade usezansi lapho nalesosigejane samanadi,” washo.

30 Wathi, “Yebo, udumo kuNkulunkulu!” Wathi, “Bengi—ngisezansi lapho nesigejane samanadi.” Wathi, “Uyazi, ukuba ubungenawo a—a—amanadi . . . ” Wathi, “Thatha njengemoto, iza yehla ngomgwaqo. Bese ukhipha onke amanadi kuyo, wena, osunakho kuphela yisixheke sento engasenamsebenzi!” Lokho kuthi nje akube ngokuqinisileyo, futhi khipha a—a—amanadi kunoma yini. Manje, kuthatha lokho ukubamba into ihlangane ndawonye.

31 Izwe lingena endaweni enjengaleyo, esiyaluyalwini, nebandla lithola ukuthengiswa kakhulu ebuzweni na—nasebuhlelweni, kanjalonjalo, kuze kuthathe ngezinye izikhathi inadi ukubamba into ihlangane ndawonye. Kunjalo. Uma bengenalo, asinalo, asinalo ibandla.

32 Manje, singacabanga ngaleyondaba imizuzwana embalwa nje. UPawulu wathi, “Sengize ngaba yisiwula, noma i—i—inadi, nje okwe . . . ” Manje, ufanele ube yinadi lomuny’umuntu. Kuphakathi kokuthi uyinadi lezwe, noma inadi likaKristu.

33 Ngoluny’usuku eCalifornia, ngangehla ngomgwaqo, futhi kwakukhona indoda. Yayinesayini ngaphambili kuyo, *enje*, yathi, “Ngiyisiwula sikaKristu.” Futhi emhlane wayo yayinesayini eyayithi, “Manje, wena uyisiwula sikabani?” Niyabo? Ngakho, sayibuza, ngayo. Yathi, “Ufanele ube yisiwula somuny’umuntu.”

34 Ngakho uPawulu, lapha, wayekhethe ukuba yisiwula sikaKristu. Futhi ungazibonela ukuthi izwe lacabanga kanjani ngaye ngalesosikhathi; futhi kungesilo izwe kuphela, kodwa ibandla. Leyondoda yayikade iqeqeshelwe ukuba ngumpristi. Yayiqeqeshwe phansi kukaGamaliyeli, esikhulu, esinye sezifundiswa ezinkulu kwezinkulu kunazo zonke nothisha abakhulu kunabobonke bangalolosuku. Futhi ngenkathi esebe

nazo, mhlawumbe, asithi, iZiqu zakhe zobuNgcweti neziqu zakhe—zakhe zobuDokotela, futhi—futhi wayeselungele uku—ukubizelwa ebupristini, futhi mhlawumbe ngolunye usuku kunokwenzeka, ngentshisekelo lensizwa eyayinayo. Bese kuthi-ke ukushintsha lokho, khona manjalo, konke ngoba kwenzeka into ethize. Wahlangana noKristu endleleni eya eDamaseku.

35 Kwase kuthi-ke, ezweni wayeyisiwula, futhi ebandleni wayeyisiwula. E—ebandleni lehlelo ngempela wayeyisiwula. Yilokho akusho lapha, wayesephenduke isiwula. Uyisiwula kulabobantu, kodwa wayeyithuluzi uNkulunkulu alisebenzisa, ukubamba iBandla lihlangane, ukubamba uMzimba, njengoba Wawunjalo ngalolosuku, uhlangane. Wayesephenduke isiwula ngenxa yaleyo—ngenxa yaleyondaba.

36 Sengathi siyambona uNowa, njengoba umfowethu ecule ngaye lapha, "Ngenkathi uNkulunkulu ethumela uthando lwaKhe ngamaphiko ejuba," elinye lamaculo ami engiwathanda kakhulu. Futhi bengihlala njalo ngifuna ukuthola umuntu mumbe ongakwazi ukudlala lelo. Ngangifuna ukukhuluma ngalo.

37 Ngesinye isikhathi ngafunda indaba ngamanye amasosha exozomelwa, nesitha, amaJalimane eMpini yokuqala yoMhlaba, ayewaxozomele. Futhi ayene—nejuba elincane elifuywayo ukuba lithathe umlayezo. Futhi ngenkathi i . . . Leso yisimo sejuba, kusobala. Ngolunye uhlobo olwehlukile lwejuba. Futhi ngenkathi bebeka umlayezo ejubeni elincane elifuywayo, landizela emoyeni. Nezinhlamvu zilidubula, ngandlela zonke, ngoba babazi ukuthi laliyini. Lephuka umlenze walo. Imilenzana yalo wawulenga, isikhubazekile. Namaphiko alo ayenamaqubu esedutshulwe aphuma kulo. Lalijikela nganhlanye, nayo yonke into, lidabula emoyeni. Kodwa lawela ngqo enkanjini lapho elalifanele ukuya khona, futhi aluthola usizo.

38 Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, kusukela lapho kuqhubeke. Niyabo? Ngakho, sasikulolohlobo lwesimo ngoluny'usuku, nathi, niyazi. Futhi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu futhi yachotshozwa ngobubi bethu, kodwa umlayezo wafika lapha, ngokufanayo nje. Yawufikisa umlayezo kithi.

39 UNowa, ngezinsuku zakhe. Sengathi ngiyayibona indoda esemqoka, umprofethi owaqinisekiswa nguNkulunkulu. No—noNkulunkulu wakhuluma kuye ngoluny'usuku. Kwakuyinto exake kabi, onyakeni omkhulu wesayense. Mhlampe babengahle bashuthe inyanga ngomshini wabo irada okwazi ukubonakalisa izinto ezisithekile, futhi babekwazi ukwakha ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe nesivivane. No—noNkulunkulu wakhuluma kuye wayesethi, "Nowa, lizokuna amanzi ehle evela ezulwini." Ungathini nje indoda esemqoka,

umprofethi weNkosi, ephuma nomlayezo owubuthutha nje njengalowo, futhi asho lokho na?

40 Lalingakaze line, khumbulani, ivela emazulwini, ngalezozinsuku. UNkulunkulu wanisela umhlaba, iBhayibheli lithi, ngenkasa ngemisele nakanjalo kanjalo, iziphethu. Lalingakaze line ithonsi. Kwakungekho-manzi phezulu lapho. Ngakho babengafakazisa ukuthi kwakungekho-manzi phezulu lapho.

41 Bese kuthi-ke indoda iphuma nomlayezo. Futhi kungesikho lokho kuphela, kodwa yazehlukanisa nalo lonke izwe. Iba yinadi ezweni. Kunjalo. Yayiyinadi lonyaka wayo. Yayingakwenza kanjani indoda enomlayezo ohlanya kanjalo, izame ukukhiphela abantu kwikharaveni encane, noma umkhumbi, kumbe noma kwakuyini ababe—ababeyakha enhla lapho. Futhi—futhi yayi—eqinisweni yayiyindoda eyisiwula.

42 Kodwa wenzani na? Ngokwenzenjalo, wayeyinadi elasindisa iBandla elikholwayo ngalolosuku. Yebo, mnumzane. Yilokho okwenzekayo. Wadingeka abasuse ezweni. Kodwa wayelungisa indawo ayazi ukuthi uKristu wayezofika kuyo futhi abathathe. Uphenduka uba yinadi.

43 Wena, wawungathini nje uMose ngosuku lwakhe, indoda yehla ngomgwaqo iya kohlakaniphile omkhulu na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Banqoba izwe ngalesosikhathi. Nokwabo kwezesayense nobungcweti babo—babo nezinto, ngempela, ngiqagele, kuyakwedlula okwethu namhlanje. Nobuciko babo bobungcweti nobungcweti babo bezakhiwo, kanjalonjalo, nezinto ezinkulu abazenza ngaleyonkathi, nga—ngalolosuku.

44 Futhi wawungathini nje indoda iza yehla lapho, futhi yathi ihlangane no—no—noNkulunkulu ababengakholelwa ngisho nakuye, esihlahleni esivuthayo na? Futhi yayiza yehla... Iyindoda yempi, kwasekuqaleni nje, futhi ikade iqeqeshwe kuyo yonke imiviyo ye—ye—yezwe lezempi. Futhi sithola ukuthi iyeza yehlela lapho nenduku esandleni sayo ukuthatha nokukhulula abantu baphume esizweni esasibambe—sibambe sathumba izwe.

45 Ngani, kuFaro, yayiyinadi. Yilokho kuphela. "Yayihlanya." Wathi, "Mayikwenze, iqhubeke, iqhubeke ihheme. Izozisho yona ukuthi iyahlanya." Awu, manje, ngempela kuFaro, nezwe lakhe elikhulu lesayense, yayiyinqaba. Yayiyinadi ku—kubo. Niyabo? Yayiyilo.

46 Kodwa yenzani na? Yabakhulula abantu, ngoba yayithunywe nguNkulunkulu. Kwathatha...Kuthatha into eyinqaba, into ehlukile kulolonke izwe. Niyabo, izwe liyindlela eyodwa kakhulu kwenkulu...izinzuzo ezinkulu ngempumelelo zabo zesayense, kanjalonjalo. Futhi uma indoda iholwa nguNkulunkulu, ukwenza into eyinqaba kulokho, iba yisiwula.

"Iyahlanya." Kodwa, niyabo, kuthatha into efana naleyo, ukubamba into ibe ndawonye.

47 Manje, sicabanga ngoElija ngezinsuku zakhe. Ngenkathi, uAhabi noIsrayeli, ngalesosikhathi, babenazo zonke izizwe phansi kwezulu zibesaba phansi kwalokhu ukubusa kuka-Ahabi. NoAhabi wayeyindoda enkulu. Kwakulusuku olukhulu, into ethi ayifane nohlelo esinalo manje. Ibandla lonke lase libe yifeshini. Niyabo? Kwakungupende kaJezebele, no—nokuba yizwe kukaAhabi, nokuxegisa, futhi badilizela phansi ama altare kaNkulunkulu. "O, ukhonza unkulunkulu nje, kwenza mehluko muni na? Niyabo? Sizokwenyukela esixhobweni, futhi ungakhonza noma yimuphi unkulunkulu ofuna ukumkhonza."

48 Lokho kuthi akube nje ngendlela okuyiyo namhlanje, niyabo, zonke izimfeshini, no—no—nokugqoka, nezimpahla zokugqoka, nezinto zezwe. Futhi, "O, uma ufuna ukuba ngowa*lokhu*, ube ngowa*lokho*, ube ngowa*lokhu,* ube ngowa*lokho*, kulungile. Niyabo? Inqobo nje uma uya esontweni, akwenzi'mehluko."

49 Kuyawenzu'mehluko, engi—engingowakho, nokuthi Nkulunkulu muni engimkhonzayo, nokuthi ngiMkhonza kanjani. Unendlela eyodwa ngami ukuba ngiMkhonze, Unakho lokho kulotshwe ngokuphelele lapha kuleliZwi. Futhi yileyondlela esifanele siMkhonze ngayo. Niyabo? Manje, kuyawenza umehluko.

50 Kodwa ngenkathi uElija ephuma lapho nomlayezo onje njengoba ayenawo, wawungathini nje? Waba yinadi ku—ku—kuFaro, noma ku . . . Ngiyaxolisa. KuAhabi, waba ngowemihla ngemihla . . . Ezehlukanisa yena uqobo! Kodwa, niyabo, kwakukhona izinkulungwane eziyisikhombisa phakathi kwalabobantu, niyabo, ababengasindiswa. Niyabo? Futhi wezela bona. Waze wabayinadi ezweni, ukuze ababambe. Wenzenjalo noNowa, waze waba yinadi ezweni ukuba abambe imiphefumulo eyisishiyagalombili, naye uqobo. Niyabo? Waze waba wuhlobo oluyinqaba lo—lomuntu.

51 UAmose, ngezinsuku lapho eletha umlayezo wakhe, futhi waprofetha. Futhi siyathola, ukuthi, ngenkathi engena e—e—eSamariya, elalikade linikelwe ezweni. Nabesifazane emigwaqweni base bephenduke cishe impela baba ngubufebe bomphakathi. Nezimfeshini, kwakuyiHollywood yesimanje. Ngenkathi lona omncane, umfo ongaziwa okhanda linempandla evuka, ngale kwentaba ngokunye ukusa, futhi wabuka phansi phezu kweSamariya, futhi walibona lisesonweni, futhi, ngani, sengathi ngiyayibona inhliziyo yakhe icishe ima impela.

52 Into kuphela ayeyazile, wayekade engumninisivini. Ngempela wa—wayenga . . . INkosi imnika lomlayezo nje futhi yamthumela ezansi lapho. Futhi manje wayengenaxhaso. Waye—wayengena-muntu wokumeseka. Kodwa wayeholwa

nguNkulunkulu ukuba ahambe, eletha lomlayezo kubantu, nokubabiza baphume ekwahlulelweni.

53 Awu, manje, sengathi ngiyabona, onyakeni omkhulu wesayense nonyaka wobukhazikhazi, into ethi ayibe njengeyanamhlanje, uAmose wayesephenduke u—u—umuntu oyinqaba. Niyabo? Waze waba yisiwula, futhi ba—babengafuni kwenza lutho. Kodwa, nokho, wayeno ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Futhi wakhulula lokho okwakungakhululwa.

54 UJohane umBhaphathizi, ngenkathi efika ngezinsuku zakhe, lelozwe elikhulu lezenkolo, ephuma, phakathi, ehlane elinjengaleli, ephuma emadwaleni nasezintweni e—ehlane laseJudiya. Futhi wayengagqokisile okompristi. Wa—wayegqoka izingubo ezimahhadlahhadla zendoda esebenzayo, mhlampe, ezisonge nge—ngengubo, hhayi uthisha othize omkhulu wasekholiji lesayense yezenkolo noma okuthize, njalonjalo. Kodwa wa—wayengumuntu ojwayelekile nje owayekwazi ukusebenza ngezandla zakhe, kumbe noma yini. Ngenkathi e—ngenkathi ehla, ephuma e—ehlane lapho, futhi ezisonge ngesikhumba semvu, wayeno ISHO KANJE INKOSI, ngokuba wayazi ukuthi isikhathi sikaMesiya sasesingaleyonkathi.

55 Wayekwazi ukuzikhomba yena uqobo eZwini likaNkulunkulu. Wathi, ngokuba khumbulani, wazikhomba yena uqobo kuMalaki isahluko 3, niyabo, njengesithunywa ukwandulela ukufika kweNkosi. Wayazi ukuthi ukufika kwase kusondele kakhulu waze wa—waze wadingeka aphume. Awu, abantu babecabanga ukuthi wayeyindoda yasendle, nje i—i—i—isiwula. Niyabo?

56 “Inadi,” besingakubiza kanjalo namhlanje. Isizathu ngikhethe lelogama “inadi,” lizwakala liyingcaca. Kodwa, nokho, lona, liyigama elihle kulokho engifuna ukulisebenzisela khona, ngoba yileyondlela isisho sasemgwaqeni ebesingaba yiyo, sizosisebenzisa namhlanje. “Nje i—inadi elijwayelekile,” besingambiza kanjalo.

57 Awu, nangu uJohane umBhaphathizi. Nje uhlala phandle lapho kulelohlane, eshumayela izintshumayelo zakhe ezincane, phansi-phezulu lapho, e—eJordani, ehla enyuka kulezozingu zomfula, ememeza, “I—ihora seliseduze! Futhi phuma futhi uzehlukanise. UMesiya uyeza!” Ngani, sengathi ngiyababona abapristi nabo bonke, wayeseze waphenduka nje inadi lemihla ngemihla. Yilokho kuphela. Niyabo, yilokho kuphela ayeyikho, umuntu oyinqaba nje. Nalabo abamlandela baba ngabantu abayinqaba, iziwula kalula nje.

58 Niyazi yini ukuthi iNkosi yethu yamenyezelwa ngokuthi iyinto efanayo ngenkathi Ifika, indoda ehlanyayo na? Niyabo? Akazange awelele emizini ne—nezinkulu zabo, noma—noma ajoyinane nezinhlangano zabo ezinkulu, nezinto. Wayebiza

abantu. Wayebizela ngaphandle. Futhi Wayethathwa ngokuthi, ngezenkolo, usuku lwaKhe, yinadi lemihla ngemihla.

59 Njengoba uPawulu wayenjalo nje ngosuku lwakhe, indoda eqeqeshiwe, kepha nokho waye—wayenza into enjengale ayenzayo, azehlukanise nalo lonke izwe, nasemahlelweni, futhi—futhi azame ukubiza abantu. Wayengumphostoli ebandleni labeZizwe. Ungumphosotoli wethu, si—siyakwazi lokho, ebandleni labeZizwe. Wayeyinadi elakhipha ibandla labeZizwe ebuhedenini bamaRoma, nokukhonza kobuhedeni kosuku.

60 UMartin Luther, wayeyinadi ebandleni eliKatolika. Niyabo? Naningathini nje umpristi owayekade—kade ephose okwakhe, konke ukufundisa kwakhe, wakulahla, kwebandla, futhi wala ukunikeza lesisidlo ngoba ibandla lathi, "Singumzimba kaKristu"? Futhi wayazi ukuthi u. . .i—izindela nabo babenze lesosinkwa ikosha phezulu phakathi lapho. Wa—wayazi ukuthi lowo kwakungesuye uKristu. Lolo kwakulucezu lwesinkwa, niyabo, ucwecwana oluncane lukashukela. Futhi wayekwazi lelo—lelo—lelowayini lalingesilo iGazi langempela likaKristu. Lalimele Lona kuphela. Ngakho, wa—wa—wasilahla phansi, e—ekukholelweni kwakhe—kwakhe okuqotho, futhi wayengasafuni lutho olunye lokuzihlanganisa nakho. Niyabo? Wa—wa—wayeseqedile ngakho.

61 Manje, mhlawumpe, ibandla eliKatolika lathi, "O, myekeni kanjalo. Bukani ukuthi yi—yiqembu elincane kanjani analo phandle lapho. Uyini na? Nje una—namanga. Futhi thina, ibandla elikhulu. Kuyilokho kuphela. Kuyinto nje." Kodwa, niyabo, wayeyinadi, niyabo, elalikubambe lakuhlanganisa, niyabo, enguqukweni. Waveza inguquko.

62 Kuthiwani-ke emva kokuba esehlelile futhi wafika endaweni. . .Na—nasemva kokufa kwakhe, nom—mlayezo ayewushumayelile wawusuphelile, khona-ke ibandla labanda kakhulu futhi laba nesitashi futhi, kwaze kwathi uNkulunkulu wavusa elinye inadi, ehhe, elalibizwa ngoJohn Wesley. Kunjalo. Awu, wayeyinadi ebandleni laseSheshi. Niyabo? Kodwa wenzani na? Wa—wasindisa izwe, izwe, iBandla elalisezweni, mangisho. Wasindisa iBandla elalisezweni. Ngani na? Ngokuba yinadi. Kunjalo. Wasindisa.

63 Kwase kwenzekani-ke na? Futhi manje, manje-ke, siyafika emva kwesikhathi sakhe, nonyaka omkhulu wamaWeseli wedlula, sase-ke siba namaBaptisti avela kuJohn Smith, base-ke beba noAlexander Campbell, sa—sase-ke siba noBuddy Robinson wamaNazarene. Futhi ekugcineni kwakuyilokhu kuchezuka kuhambisa okwegagasi nje, kusuka ekupininizeni kwangempela.

64 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wavusa esinye isixheke samanadi: iPhentekoste. Futhi baba yinadi kubantu.

Bayahlanya, ezweni. Kodwa benzani na? Benza umsebenzi omkhulu. Impela bawenza, unyaka wamaPentecostal.

65 Manje, manje, ngikholwa ukuthi sekuyisikhathi selinye inadi ukuba livuke. Futhi anicabangi kanjalo na? Ngi—ngicabanga ukuthi sekuthi nje akube. . . IPhentekoste lenze into efanayo lonke i—izwe elaya kuyo. Kodwa sekuyisikhathi selinye inadi. Niyabo? Ngakho uma sizontshinga ngakulelicala logu, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nabantu bacabanga ukuthi singabayinqaba kakhulu nabangejwayelekile, indlela esizehlukanisa ngayo, indlela eninayo lapha. Futhi ase—sehlukene. Simunye. Niyabo? Niyabo? Indlela esiyiyo, sizehlukanise nezwe.

66 UMfowethu Leo, uholeleke ukuba enyukele lapha, futhi lapho naninabantwana abancane ozodingeka aqeqeshwe. Niyabo? Ninabesifazane, izintombi lapha, e—ezingafuni ukuhamba ngendlela yezwe. Ninabesilisa lapha, osegugile nosethatha umhlalaphansi. Bafuna indawo ukuya lapho bengazinza khona futhi bazizwe besekhaya. Nihlala phakathi kohlobo lwenu uqobo lwabantu. Awu, futhi, niyabo, ngicabanga ukuthi uNkulunkulu angavusa into ethize ukunakekela lokho. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngi—ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yami, ukuthi Uyakwenza lokho.

67 Manje, siyathola, sekuyisikhathi manje. Qaphelani, inadi njalo laliyilokho okwababadonsela ndawonye.

68 Njengabo bonke abaseMelika namhlanje, sithola okuningi kakhulu ukuba yizwe nezinto, emabandleni ethu namahlelo ethu, nezinto. Akuvuke into ethize eZwini. Niyabo, bachezukela esivumwenikholo futhi kungabi yiZwi. Futhi ake kuvuke into ethize neZwi, niyazi.

69 Wena uthi, "Awu, abantu bacabanga ukuthi uzehlukanisile." Ngakhuluma kumelusi wenu lapha, nowethu uMfowethu Leo. Nomunye wathi, "Awu, awuzi ngani, bese ungena ku*lokhu*, bese ungena ku*lokho* na?"

70 Wathi, "Qhabo, qhabo." Niyabo, wa—wa—wathengiselwa entweni eyodwa, iZwi, niyabo, eZwini. Niyabo?

71 Awu, manje bukani. Uma kukhona inadi elithunyiwe, kuzofanele kubekhona ibhawodi elifakelwa kulo. Kunjalo na? Manje, uNkulunkulu uthumela amanadi. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Ngizokuchaza lokhu esikhashaneni esincinyana. Kodwa ukukwenza iphuzu. Kuzofanele kubekhona ibhawodi, nalelobhawodi lizofanele likulufelwe, ukufakela inadi.

72 Ngijabula kakhulu ukukulufelwa neZwi. Ngijabula kakhulu ukuthi kukhona ibhawodi elikulufelwa ngendlela efanayo. Futhi lizokwenzani na? Lingelokudonsa uMlobokazi aphume ezweni, liLibeke eceleni lenzele into ethize ehlukile. Yebo, bangani.

Singahle sibe yinadi ezintweni zezwe, abantu bezwe, kodwa kuphela siyakhipha, lokho okukulufelelwe lokhu.

73 UNowa wakulufelwa osukwini lwakhe, nabobonke abaprofethi, nasekusukeni phansi komnyaka. Namadoda alungileyo yakulufelwa, ngoba Walithumela. Bekungasizani ukuba nebhawodi noma inadi, uma ubungenalo ibhawodi lalo ukuqhubeka na? Futhi liyini ibhawodi nenadi, ndawonye na? Niyabo, ngukudonsela into ethize ndawonye. Niyabo? Futhi kungukudonsa amandla kaKristu, asidonsa esikhipha ezintweni zezwe. Niyabo? Futhi ngakho-ke sihlanganyela nenkonzo enkulu kaPawulu, ethi, "Sengize ngaba yisiwula." Ngakho uma abantu becabanga ukuthi uyinqaba, uyabo, uyabona ukuthi umi kuphi na? Uyabo? Usuze waba yisiwula kubo, ukuze udonswe ngamandla kaNkulunkulu, Okungukuthi, Into ethize phakathi kwakho, Into ethize enhliziywеni yakho iyakukulufela.

74 Ngingahle ngisho lokhu kulokhu ukusa, "Ubani oyiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal Assemblies, *lokhu, lokho,* noma *okunye* na?" Kungaba khona zonke izinhlobo zezandla eziphakamayo lapha, namashumi amane, abantu abangamashumi amahlanu. Niyabo? Kungaba khona abaningi kangako, wonke umuntu ehlukile.

75 Kodwa yini enenza nihlale lapha na? Kungani nilapha na? Niyabo? Yingoba nakulufelwa entweni ethize. Niyabo? Futhi ngenkathi kuqala ukuza, kuba ngokunomqondo kuwe. Uma uzama ukubeka isikulufelo esithize phezu kwebhawodi, uhlobo oluthize olungeke lwafakeka, akunamqondo kuwe. Niyabo, a—akuyikuqhubeka. Niyabo? Kodwa uma kufika into ethize enela kahle nje, ikudonsa eChicago, eNew Orleans, nanoma yikuphi lapho ovela khona, uze lapha. Niyabo? Futhi manje, niyabo, uba ngumuntu oyinqaba, impela impela, ezweni. Kodwa ungakuvumeli lokho kukukhathaze. Niyabo? Ungakuvumeli lokho kukukhathaze.

76 Manje wena uthi, "Ngazi kanjani ukuthi ngikulufelwe kahle na?" Bhekisisa iZwi. Niyabo? Manje uyazi ukuthi ngabe ukulufelwe kahle, noma ngabe singamanadi kaKristu, kumbe noma ngabe singamanadi kulo izwe.

Manje izwe, futhi, lemukele inadi labo—labo. Impela.

77 Benginento ethize encane ebhalwe phansi lapha, ebengiyifuna, bengingafuni ukukhohlwa. I—i . . . Futhi sihlezi lapha, siba ngamabhawodi, amanadi ezweni, kunjalo impela, ukuze sibambe uMbuso kaNkulunkulu ndawonye, emhlabeni; niyabo, uMbuso kaNkulunkulu, ndawonye. Kulungile.

78 Khumbulani, izwe, bona—bona, izwe elingaphandle, banamanadi abo futhi. USathane ubanika inadi, ngezinsuku zalento enkulu. Niyabo, konke kuyakusebenza, isizathu esimelayo nesiphikisayo. Niyabo? Manje ngezinsuku zika . . .

79 Izwe lalinenadi, nalowo kwakunguFaro, ngezinsuku zika—zikaMose. Kwakukhona, niyabo, kwakufanele kube khona. U—udeveli unamanadi akhe naye. Awu, kwakukhona uFaro. Niyabo? Manje, uIsrayeli; noMose emi phansi lapho, kwakungukudonsa labobantu baphume, wayeyinadi kuFaro. Kodwa futhi uFaro wayeyinadi kubo, futhi. Niyabo?

80 Futhi ngakho kuzofanele kube ngaleyondlela. Ngakho, uyinadi lomuny'umuntu. Ngijabula kakhulu ukuzongolozelwa eZwini, anijabuli yini, nge—ngezinyo lokukulufela kwaLokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Omuny'umuntu uzokufundisa Lokho.

81 UAhabi, wayeyinadi, impela, kuElija nezinkulungwane eziyisikhombisa. Lonke iqembu lakhe phandle lapho, uJezebele kukho konke okwabo okuhle, amalivilivi afekethisiwe nezinto phandle lapho, lelo kwakuyinadi kulezozinkulungwane eziyisikhombisa, abazange bakhothame ngedolo labo kuBali. Futhi kanjalo noElija wayeyinadi kubo, niyabo, into efanayo.

82 Siyathola, ngezinsuku zikaHerodi, uJohane wayeyinadi. Niyabo? NoHerodi wayeyinadi naye. Izwe lalinelilodwa. Kulungile.

83 Ngezinsuku zikaJesu, Wayeyi—yi—yi—yisiwula e—ezweni, niyabo, kuPilatu. Kodwa uPilatu wayeyinadi, naye, ukuMala. Kunjalo. Niyabo? Wayengakulufelwe. Wayenethuba. Kodwa ngenkathi enethuba lakhe ukukwemukela, wayefuna olunye uhlobo lokuhlekisa, olunye uhlobo lweqhinga lokuphamba, uhlobo oluthize lukanogwaja ongumlingo ukuphuma esigqokweni, niyazi, noma okuthize. Wathi, "O, ngithanda ukuKubona wenza amacebo athize okuphamba," niyazi, noma into ethize enjalo. Wayeyinadi, qobo lwakhe. Niyabo? Wayenethuba lokukwemukela, kodwa akazange.

84 AbaSadusi futhi, nabaFarisi, kwakuyinto efanayo ngalolosuku, ngokungamemukeli uPawulu, lo owathi uba yisiwula ezweni. Niyabo?

85 Kodwa ibandla linamanadi alo, nalo. Niyabo? Nezwe linamanadi alo. UKristu unawaKhe. Niyabo? Manje nina ningakabani na? Indlela kuphela eningazi . . .

Wena uthi, "Ngazi kanjani ukuthi lokhu kuqinisile, Mfowethu Branham na?"

86 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho-ke, iZwi lisalokhu linguYe. Ngakho uma sikulufelwe naLokho, niyabo. Sazi, thina, nakuba siyinadi e—ezweni, uma sikulufelwe eZwini likaKristu, noKristu ekukhombisa, uma E—Ekudonsa kube ndawonye, niyabo, edonsa iBandla lakhe libe ndawonye. Mabavuke futhi benze abafuna ukukwenza.

87 Manje, uJesu, kuMathewu 24:24, washo ukuthi, "Lamaqembu amabili ayosondelana kakhulu, ngezinsuku zokugcina, ukudukisa nabakhethiweyo, uma kungenzeka." Abantu, basalokhu, abantu ngesinye isikhathi ePhentekoste, kinina enivela ngaphandle kwiPhentekoste, niyabo. Uma behlela futhi bawelela lapho kulawomaqembu kanjalo, bese nideda kukho. Niyabo, iBhayibheli lasho, ukuthi, "Kwakuyodukisa nabakhethiweyo uma kwakungenzeka." Niyabo? "Nabakhethiweyo," lowo yilabo okhethelwe ukwenza lokhu; labo, niyabo, ibhawodi.

88 Ningezi, nithi, "O, okwabo lapho, nanto inadi, niyabo." Niyabo, uzofanele abe yilo, usefike lapho i . . . Uma amazinyo okukulufela esikwa ebhawodini, lizofanele lisikwe enadini ngendlela efanayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Lizofanele lenele. Niyabo? NabaKhethiweyo, ngakho-ke, niyabo, angeke liqiniswe nanoma yini enye into. Lifanele lize kuKristu. Niyabo? Liyiyonanto kuphela ezokwenela. Niyabo? Futhi yilapho esimi khona namhlanje. Akabongwe u—uNkulunkulu. Futhi kulungile.

89 Manje, siyathola, futhi, ukuthi i—izwe linenadi labo. Futhi niyazi, kuningi kakhulu obekungashiwo. Asinaso isikhathi ukukusho, kusobala. Kodwa, lokhu, lomcabango owodwa, kini.

90 Ngiqaphela lesisigejane esihle esincane samanenekazi acule laphaya, emizuzwini embalwa edlule. Mfana, ngifisa sengathi ngabe benginalo leloculo. Ningifakele lelo eteyipini, nizokwenza, lamaculo na? Uma nonke nicula lapha, nenze iculo ngesinye isikhathi. Ngizonikhokhela ngeteyipu. Niyabo? Ngingathanda ukuba nalo. Niyabo? Lelo belilihle, lokho kukhonza okumnandi ngempela okunjalo.

91 Manje, niyazi, kwakukhona i—i . . . Abasebasha, abesifazane banamhlanje, bona, Chris- . . . okubizwa kanjalo ngamaKristu, abesifazane aba—abasontayo, ba—babefuna into ethize e—e—ezokwenelisa. Babazi ukuthi ba—babengayitholi, besonta nje. Kodwa bafuna ukugcina ubufakazi babo ngokufanayo nje. Niyabo? Babefuna ukubamba ubufakazi babo, "NgiyiMethodisti, iBaptisti. NgingumKristu, niyabo." Babefuna ukuhhundula izingubo zabo zisuke kubo. Babefuna ukugqoka izikhindi namabhikini, kumbe noma ngabe nikubiza ngani, futhi konke ababengakubona. Ba—babefuna ukwenza lezizinto. Babefuna ukugunda izinwele njengabesilisa, futhi—futhi—futhi benze lezizinto.

92 Futhi ngakho ba—babefuna ukwenza lokho. Niyabo? Futhi, nokho, senake nacabanga ukuthi kungani benza na? UJesu wathi, "Leyomimoya yomibili iyosondelana kakhulu, iyodukisa abaKhethiweyo." Lokho kuzofezeka. Niyabo? Niyabo? Ngakho, babefuna. Abatholanga . . .

93 U—umuntu ufanele akhonze. Ufanele ukhonze into ethize. Wena, kukuwe nje, ukukhonza. Ngakho umuntu ufanele akhonze into ethize. Ngakho, babengenakho ukukhonza ebandleni labo, ngakho uNkulunkulu wabavusela inadi, uElvis Presley, uPat Boone. Basalokhu bebambe ubufakazi babo. UElvis Presley, iPentecostal. UPat Boone, ichurch of Christ. Niyabo, inadi ngokoqobo ukugcwalisa amaZwi kaJesu lapha, "Kuyosondelana kakhulu, kuyodukisa nabakhethiweyo, uma kungenzeka." Basalokhu bekugcinile, becula amahubo ngeSonto, nokwenza umdanso wokuzibinya ngoMsombuluko. Niyabo? Kithina, lelo yi—lelo yinadi. Niyabo? Khona, kuyilo impela.

94 Manje, kodwa, niyabo, phakathi lapho Wayenabanye besifazane abakahle, futhi, ababefuna ukuziphathisa okwamanenekazi. Babenobuqotho kubo. Babefuna ukuba yilokho uKristu abafuna babe yikho. Ngakho Uthumela umuntu enomlayezo, ukuthi—ukuthi kulelobandla abangabakulo lingubuwula, uba yinadi. Kodwa niyabo, okuyikho, Lenela kahle nje. Uma ukhuluma ngezinwele ezinde, futhi ubukeka njengenenekazi, futhi ugqoka njengenenekazi, futhi uziphathisa okwenenekazi, esikhundleni sokuma lapha njengalamantombazane kulokhu ukusa . . .

95 Bengibhekisisa intombazane encane lapho, amehlo ayo abebukeka njengawaseZulwini. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .?. . . esangilazi, lapho ibuka phezulu *kanjalo*, icula, into ethize enhliziyweni yayo. Ngiwabhekisisa lapha, lapho lawomanenekazi ecula. Ngacabanga, "O Nkulunkulu! Awu, ukuba-ke—ukuba-ke ingcweti yaseHollywood ibinga—ibingafaka lokho enhliziyweni yawo na? Abezoba yinto efanayo." Niyabo? Kodwa kuyini na? Kungani ahamba nga*leyo*ndlela na? Ubungeke udonse eyodwa yalawomantombazane eHollywood. Ukuba ubungayinika amadola ayizinkulungwane eziyishumi ngosuku, ibingeke ihambe. Ngani na? Ikulufelwe ngokwehlukile. Kunjalo impela. Ikulufelwe ngokwehlukile. Kunjalo.

96 Ubungeke udonse uLeo, uGene nabo bangene enhlanganweni ethize. Ngani na? Ubungeke udonse nina bafo ningene kweyodwa. Ngani na? Nikulufelwe ngokwehlukile. Niyabo? Ngakho uma nikulufelwe, kuzofanele kube nenadi ndawo ndawo! . . .?. . . niyabo, uku—ukubamba lokho kuhlangane. Akunjalo na? Niyabo? Khona-ke kuphelele.

97 "Akabongwe uNkulunkulu," njengeDashi elincane lasho, "ngamanadi. Uma uwakhipha, kuba yisixheke sento engenamsebenzi."

98 Unani na? Isixheke sobuhlelo, isixheke sokuba yikho ngegama nje, kungekho-Kristu kuso nhlobo, kungekho-Zwi kuso nhlobo, isixheke sezivumokholo nje, kanjalonjalo. Futhi unani na? Khipha inadi, unesixheke sento engasenamsebenzi,

kunjalo, akulutho ezweni kodwa izinkuni zokubasa, into elindele amalangabi nezijeziso zikaNkulunkulu, ukwehlulela nokushisa nya, ngoluny'usuku.

99 Ngakho nginokubonga kulokhu ukusa ukwenela kahle phakathi, phezulu lapha, niyabo, lapho ongahle khona ube ngumuntu oyinqaba nganeno komfula. Ngisho nabanye babantu benu bangahle bacabange ukuthi niyinqaba. Ngiyazi bayakucabanga. Ngike ngaba nezincwadi amaletha ezivela kubo, niyabo, abathi naniyinqaba, nanehlukile, "kwenzenjani ezweni" kini na? Ngikhethe nje lento encane ukuyisho kini kulokhu ukusa. Niyabo? Impela, niyinadi. Kunjalo. Kodwa ngiyajabula ukuba yilo. Kodwa uma ngingaboshiwe ngqi naleliZwi, khona-ke ngi "yinto engasenamsebenzi." Niyabo? Ngizoba yinadi likaKristu nje. Yebo.

100 Ngithola izincwadi amaletha ezivela kwabaningi babantu benu. Abanye babo bafika bedlule bese bethi, "Uyazi ukuthi kwenzekeni na?"

"Ini?"

101 "Lomfo oyinqaba," ehhe, "*us'bani-bani*, wenyukela lapho futhi wenze *ukuthi-no-kuthi*."

Ngathi, "Awume kancane nje."

102 Kuya ngokuthi uzongolezelwe kukuphi. Niyabo? Ngakho, kwangathi iNkosi uJesu Kristu, uMelusi wezimvu womhlambi, angazigcina njalonjalo izinhliziyo zenu zizongolozelwe kuYe, ukuthi, uma uMelusi omkhulu wezimvu esebonakala, siyobonakala naYe.

Singakhuleka na?

103 Baba waseZulwini, ngibona ukuthi isikhathi sesihambile, ngivele ngasheshisa nje. Esithandeka kanje pho, isigejane samaKristu anomoya omnandi. Nendikimba enobul'hlaza kanje pho; kodwa ekamelweni ngoluny'usuku, ngicabanga ngengikubone ezincwadini amaletha, nalokho engezwa abantu bekusho. Ngenkathi ngi . . . Izinceku zaKho ezincane lapha zingicele ukuba ngize ngenyuke futhi ngizivakashele, futhi ngihlanganyele nomhlambi omncane. Lendikimba enobul'hlaza yokuba yinadi, ngicabange ukuthi ngizosebenzisa leyo, ukuze ngedlulisele u—umcabango kubo. Be—bebezoqonda ukuthi ngicabangani, futhi. Sesize saba yisiwula, njengoPawulu, ezweni. Kodwa nokho, Nkosi, sifuna ukuboshelwa kakhulu ngqi kuWe neZwi laKho, ukuthi, uma sekufika uHlwitho, siyo—siyofuna ukuba nalo, Nkosi. Ngakho sisize ukuba njalonjalo sibe nezinhliziyo zethu ziphicwe futhi zaboshelwa ndawonye othandweni lukaKristu.

104 Busisa uMfowethu Leo, uMfowethu Gene, noMfowethu Daulton, nabo bonke laba besilisa abakahle nalaba besifazane abathandekayo phakathi lapha. Ngizwa izimfakazo zabo,

bejabule, bejabule, benamile. Ngingena ekamelweni phezulu lapho, lapho oyedwa okhubazekile, nokubona ukumamatheka okuningi! Akumangalisi, owethu uMfowethu Leo ethe lithe ukubalela kancanyana, ukwenyukela lapha. Akumangalisi, ukubona ngisho lapho indoda, kungekho ngisho nokuncanyana ukuhlobana naye owesifazane, kungekho lutho kodwa wakhathalela, ukuthi bathathe ikharaveni futhi bayenze ukuze akwazi ukujabula. Uyabo, Nkosi, izinyo lokukulufela lisebenza kahle nje. Ngingena kulelokhaya, futhi ngibone omuny'umuntu ngempela obengaba nokukhonona, no—nokuba nokuqophisana, nocasukayo, ngenxa yokuthi—yokuthi abekho phandle futhi bakwazi ukugijima futhi badanse futhi—futhi bagigitheke, njengabesifazane abaningi. Kodwa ujabule ukuba lapha nohlobo lwakhe, nokuba lapha neZwi likaNkulunkulu, lapho Lingashunyayelwa khona, futhi kungekho-zivumokholo ezijobelelwe kuLo; nje ngokweqiniso iZwi likaNkulunkulu elingaxutshwe nalutho, ukukhonza ngoMoya. Ukungena endaweni encane njengalena, yikaraveni encane lapho esibuthana khona ndawonye. Yibandla. "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngikhona phakathi kwabo." Siyazi Ulapha, Nkosi, futhi siyaKukhonza futhi siyaKudumisa.

105 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzodedisa ukugula kubo. Dedisa isitha phesheya komfula. Kwangathi loluphumo olukhulu, lungahle lube sesimweni sedlanzana, kodwa, Nkosi, ngoluny'suku luzokhula. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi loluphumo oluncane lapha, ukuthi U—Uzoba nabo njengoba Wenza ngoMose nabo, lapho bewela i—iJordani, futhi, uJoshuwa, lapho eyongena ezweni elithenjisiwe.

106 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobasiza, Nkosi, futhi ugcine izinhliziyo zabo zingezoqobo, ziqinisile kuWe. Futhi babusise lapho befundisa iZwi. Futhi kwangathi bangaphila ezinde, izimpilo ezijabule. Futhi ngoluny'usuku, uma sisengapha, Nkosi, siphila emhlabeni uma Ufika, kwangathi kungavela inhlokomo ngapha kwegatsha phandle lapho, neBandla lenyuke. Siphe khona, Nkosi. Ngoba, omunye wayenga . . . wayeyisiwula ngokwenele ezweni, ukuba abe yinadi, ukulibamba lihlangane, Nkosi, uze Ufike.

107 Manje-ke, njengoJohane wasendulo, kusukela ezinsukwini ezedlula. Njengoba amanenekazi amancane nawo eculile, "Sehlukene." Nokuthi wadingeka kanjani ukuba abe yedwa. Kodwa, ngenkathi enza, ibandla elincane ayelidonsele ndawonye . . . Ngenkathi ebone uJesu, wathi, "Manje umsebenzi wami usuphelile. Uyakhula; ngiyancipha."

108 Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosigcina sijabule futhi sinempilo. Kwangathi singahlangana kaningi futhi, phezu komhlaba, futhi siKuthanda futhi sikukhonza. Kwangathi izibusiso zobuNkulunkulu baKho zingaphumula phezu kwalenkonzo, phezu kwezinkonzo eziyolandela. Futhi

kwangathi sonke singaphila kanje kulokhu ukuphila, ekuphileni okuzayo, siyoba nokuPhila okuPhakade emnyakeni omkhulu ozayo, ngale kulokho kubusa kwesikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane lapho esiyoMbona khona futhi sibuke ubuso baKhe, futhi siMbone. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka. Amen.

109 UNkulunkulu anibusise, bantu bami. Ngiyaxolisa kakhulu ukuthi mina, futhi, ngi—ngi—ngithathe indikimba eyinto ethi ayibe njalo, niyabo, into enobul'hlaza ngempela. Kodwa niyakuthola ebengikuqondile. Niyabo? Ngakho, uma noma ubani, bethi niyinqaba, niyazi ukuthi kungani niyinqaba, anazi na?

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Leo.

*Umuntu Oyinqaba* ZUL64-0531
(The Oddball)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoMeyi 31, ngo 1964, ePine Lawn Trailer Park ePrescott, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

